

# U-Adun, imfene, ukhohlisa u-Ananse


Ixoxwa kabusha nguHelen Brain  
Imidwebo nguJiggs Snaddon-Wood  
Ihunyushwe nguMalungi Mbhele

UKweku kwakuyigama lokuqala lesicabucabu u-Ananse ngoba wazalwa ngoLwesithathu, kodwa wonke umuntu wayembiza ngokuthi u-Ananse. Wayehlakaniphe kakhulu, futhi zazimbalwa kakhulu izilwane ezazikwazi ukumphica.


Kudalo, indaba ithi uKweku Ananse, isicabucabu, no-Adun Mfene babengabangani abakhulu. Babenza konke ndawonye. Nomaphi lapho omunye ayehamba khona, omunye wayesuke ekhona. U-Ananse wayaye akotele ku-Adun Mfene, abambebele oboyneni bakhe. Ngezinye izikhathi wayegibela emhlane ka-Adun,

ngezinye izikhathi esiswini sakhe, futhi wayeke aqhwakela eboyneni obuphakathi kwezindlebe zika-Adun, abheke phambili ukuze abone okuqhamukayo.

Babengabangani ababili abaneme. Babenakekelana. Babedla, badlale ndawonye nsuku zonke phakathi kwezihlahla. Ebusuku, u-Adun wayaye akhwele emthini omkhulu bese ezenzela umbhede phakathi kwamaqabunga. U-Ananse wayaye alenge egatsheni eliphakeme kunawo wonke ukuze kungabikho nokukodwa okumbambayo.



Ngelinye ilanga libalele kakhulu, ngenkathi abangani laba bethungatha ukudla, bafika exhaphozini elalisehlathini. Ngakolunye uhlangothi lwexhaphozi babona isihlahla sikabhanana. Manje-ke, wonke umuntu uyazi ukuthi izimfene zikuthanda kangakanani ukudla ubhanana ovuthiwe, kanti ngalezo zinsuku nezicabucabu zaziwuthanda. Ngakho u-Ananse wabambelela emhlane ka-Adun emva kwalokho imfene yawela ixhaphozi leli ngokugxuma isuka kwelinye idwala iya kwelinye ukuze izinyawo zayo zingangcoli.



“Ake nisho-ke, niwela ixhaphozi nje niyaphi?” kubuza uSelesele ngezwi elikhulu kangangokuthi lezwakala linaneleka ngaphezu kwamanzi.

“Kunesihlahla sikabhanana esilenga ubhanana ovuthiwe ngaleya kolunye uhlangothi. Sifuna ukuwudla. Siyazifela ngobhanana,” kuchaza imfene.

“Noma ningathatha isihlahla sonke anginandaba mina,” kugwavuma uFudu.

“Asiwuthandi thina ubhanana,” kusho uSelesele.  
“Nisheshe-ke. Sizama ukulala.”

“Siyabonga, siyabonga, siyabonga,” kusho u-Adun.

“Mhh, mhhh, mhhh,” kusho u-Ananse ehlikihla isisu sakhe ngemilenze yakhe yonke eyisishiyagalombili.

Ngakho abangani ababili bawela ixhaphozi bazikhelela iphontshi likabhanana ovuthiwe osagolide.

Ngaleso sikhathi uSelesele noFudu babezilalele edwaleni elikhulu, elisexhaphozini, bethamele ilanga.

“Ubani lo oya laphaya?” kusho uSelesele, evula iso elilodwa ebuka u-Adun.

“Yimi kuphela,” kuphendula imfene.

“Awuhambi wedwa nje,” kuphendula uSelesele.

“Ubani lo ohamba naye?”

“Empeleni-ke, uKweku Ananse,” kusho u-Adun ekhomba isicabucabu. “Kodwa wonke umuntu umbiza ngokuthi u-Ananse. Ungumngani wami omkhulu.”

“Pho nenzani nina nobabili lapha?” kubuza uSelesele.

“Yebo,” kunanela uFudu owayesanda kuvuka.

“Nisiphazamiselani kodwa? Sisadinga ukuthamela ilanga, niyazi nani.”

“Uxolo, Selesele, uxolo futhi nakuwe, Fudu. Besingaqondile ukuniphazamisa,” baphendula kanyekanye o-Adun no-Ananse.



Bawuthwala ubhanana baphindela nawo esihlahleni eside ababesibiza ngekhlaba labo.

Kodwa kuthe lapho begibela nje egatsheni labo abalithandayo, yaqala inkinga.

“Ubhanana wami lo,” kusho u-Ananse.

“Ngizowudla wonke.”

“Ngeke,” kusho u-Adun. “Kufanele sabelane ngawo.”

“Cha, ngeke! Angabelani namuntu!” kumemeza u-Ananse, ephanga ubhanana. “Wonke lo bhanana owami, futhi ngeke ngikuphe nowodwa.”

“Awuseyena-ke umngani wami,” kusho u-Adun eqala nokukhala. “Ungumngani omubi futhi ngiyakuzonda.”



“Kulungile,” kusho u-Ananse. “Ngoba uyatetema-ke ngizokunika okuthile. Nasi isiqu sephontshi likabhanana. Naso simnandi njengobhanana.” Washo esusa wonke ubhanana esiqwini qede waphonsela imfene isiqu sephontshi.

U-Ananse weneliseka ngayekwenzile. Phela wayenedili likabhanana, futhi akudingekanga ukuba aphe omunye – ngisho noyedwa. Waphela yinsini lapho ebona u-Adun ethatha isiqu sephontshi likabhanana ehamba naso.

“Uzoke azame ukudla isiqu sesihlahla sikabhanana sisibi nakangaka. Ngimphicile. He, he,” washo ezicabangela.


Emva kwaleyo ngxabano, abangani behlukana yilowo nalowo wahamba indlela yakhe, bangabe besabonana. Abazange bakhulumisane, futhi ababange besadlala nandawonye.

Kwase kuthi ngelinye ilanga u-Ananse wazicabangela nje, ezibuza ukuthi engabe unjani u-Adun. Kwase kuyisikhathi eside nokho baxabanela ubhanana. Ngakho u-Ananse wahambahamba ehlathini waze wafika endlini ka-Adun entsha. Kwakuyisihlahla esidala, eceleni kwaso nje, kwakunesihlahla sikabhanana esikhulu esasiyikazela ubhanana ovuthiwe, nophuzi.

“Mameshane!” kubabaza u-Ananse. “Unesihlahla sakho sikabhanana, futhi sesithele izithelo. Ngicela ungiphe?”

U-Adun wabuka isicabucabu phansi naphezulu.

“Angifuni,” washo ngezwi eliqandayo. “Wawuthola owakho. Wakhetha ubhanana wanginikeza isiqu sesihlahla. Mina-ke, ngeza lapha ngazitshalela isiqu sesihlahla, sakhula saba yilesi sihlahlala. Manje senginamaphontshi namaphontshi kabhanana unyaka wonke, kodwa wena ngeke uwunuke. Ngisho nowodwa. Uxolo bandla.”



“Uyimfene embi, enenhliziyi embi nekhohlakele!” kukhala u-Ananse, eyaluzisa imilenze yakhe eyisishiyagalombili ngentukuthelo. “Wangikohlisa wena! Manje unobhanana omningi mina anginalutho. Ngeke ngiphinde ngikhulume nawe, futhi ngeke ngiphinde ngidle omunye ubhanana kuze kube usuku lwami lokufa! Ngifisa sengathi ungalunywa kudingekanga ukuba uzenwaye, wenwaye uphinde wenwaye, zonke izinsuku.” Isicabucabu sase sigijima saphindela ekhaya laso, sihamba sivungazela ngomkhohlisi ongu-Adun Mfene. Abazange baphinde bakhulumisane futhi.

Futhi uyazi ukuthini, kuze kube namuhla izicabucabu aziwudli ubhanana, nezimfene zihlezi zizenwaya ubusuku nemini!

# Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nansi eminye eminye imibono yokusebenzisa indaba emakhasini loku-1 kuya kwelesi-3 nabantwana basekilasini lakho kanye/ noma ithimba lakho lokufunda. Khetha imibono ehambisana kahle neminyaka kanye nokuthandwa yizingane.

- ★ Ngaphambi kokuba ufunde indaba, buza izingane, "Nake nezwa ngomuntu okhohlisiwe?" Zicele zixoxe ngokuthi kwenzekani
- ★ Ngemva kokuba usufunde indaba, gcizelela ukuba izingane zibheke isihloko sendaba bese, nindawonye, nixoxa ngemibuzo enjenga le.
  - Ingabe imfene iyona kuphela ekhohlisa omunye? Ubani omunye endabeni okhohlisa omunye?
  - Ubani umlingiswa wokuqala okhohlisa omunye?
  - Kulungile yini ukukhohlisa umuntu uma kunguye okukhohlise kuqala?
  - Kulungile yini ukuba abangani bakhohlisane? Ungazizwa kanjani

uma uthola ukuthi umngani wakho ukukhohlisiwe?

- Cela izingane ukuthi ziphakamise ezinye izihloko zendaba.
- ★ Siza izingane ukuba zixhumanise kwezinye izindaba ezazi ukuthi zinendikimba efana nalena. Zibuze ukuthi, "Zikhona yini ezinye izindaba enizaziyo lapho omunye wabalingiswa ezama ukukhohlisa khona omunye? Kwenzekani kuleyo ndaba?" Ungawelula lo msebenzi ngokukhuthaza izingane ukuba zibhale noma zixoxe izindaba zazo ezimayelana nokukhohlisa omunye.
- ★ Vumela izingane ukuba zisebenzise izinto eziyimfucuza ezahlukene (njengezivalo zamabhodlela, amakhathoni amaqanda, izidwedwe zezindwangu, iwulu ncingo) nopende, iphepha kanye neglu ukwenza u-Ananse. (Khumbula ukuthi akudingeki ukuthi afane ncamashi nalowo ochazwe endabeni – khuthaza izingane zakho ukuba zenze ezizakhele khona emqondweni!)

## Mayelana nephrojekthi ye-Story Powered Schools

UNal'ibali (igama lesiXhosa elichaza ukuthi "nans' indaba") umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi yalokho izingane ezingaba yikho ngokuxoxa izindaba nokufunda.

I-Story Powered Schools yiphrojekthi esahlolwayo eletha umkhankaso kaNal'ibali wokufundela ukuzithokozisa eyicebo eliqinisekisiwe lokuthuthukisa ukufunda nokubhala ezikoleni ezisemakhaya ezifundazweni zaseMpumalanga Koloni naKwaZulu-Natali. Igunyazwe ngaboMnyango WezeMfundo, ifezekiswe ngabe-United States Agency for International Development (USAID).

Izikole eziyingxenye yephrojekthi ye-Story Powered Schools zizibophezele ekokheleni inhlansi yalokho izingane ezingaba yikho ngokuxoxa izindaba nokufunda. Zisebenzisa amandla ezindaba ukukhuthaza abafundi ukuba bafune ukufunda nokubhala.

